

# Vuk'uzenzele



Niyethulelwa wuPhiko likaHulumeni Lwezokuxhumana kanye Nokuhlinzeka Ngolwazi (GCIS) English\isiZulu | UMfumu 2017 Ushicilelo I

## INingizimu Afrika ikhumbula imisebenzi emihle ka-OR Tambo

"Siphokophele ukwakha umphakathi obumbene obuswa ngentando yeningi labantu kanye nongacwasi ngobuhlanga. Sinombono weNingizimu Afrika lapho abamnyama nabamhlophe beyophila ndawonye njengabantu abalinganayo ngaphansi kwezimo zoxolo nokuchuma..." **OR Tambo.**


### Ongezwa Mogotsi

UMfumu yinyanga ekhethekile eNingizimu Afrika. Yisikhathi sokuba abantu baseNingizimu Afrika bakhumbule impilo kanye nemisebenzi yongasekho u-Oliver Reginald (OR) Tambo, umholi namanje osahlonishwa emhlabeni-jikelele.

Unyaka wezi-2017 yilapho sigubha iminyaka eyikhulu kwazalwa uTambo. Waba umuntu onegalelo elinamandla emshikashikeni wokukhululwa kweNingizimu Afrika futhi ungomunye wabasunguli abangabizwa ngobaba bomthethosisekelo wentando yeningi labantu.

Uhulumeni umemezele unyaka wezi-2017 ngokuthi, "Unyaka ka-OR Tambo: sigubha amagugu enkululeko yethu". Kuzoba nemicimbi eminingi ezokwenzeka ngale nyanga ukuze kukhunjulwe imisebenzi kanye neminyaka elikhulu yokuzalwa kukaTambo.

UTambo waba ngumongameli wenhlangano kaKhomngolose (i-ANC) kusukela ngonyaka we-1969 kwaze kwaba ngowe-1991, lokhu okumenza kube nguye umongameli wale nhlango owahlala kulesi sikhundla iminyaka eminingi kunabanye. Waphinde wachitha iminyaka engama-50



© Tambo Family Album / Oliver and Adelaide Tambo Foundation

eyisishosho sezombusazwe sikaKhongolose.

### Kuzalwa umholi

UTambo wazalwa mhla zingama-27 kuMfumu we-1917, ebizwa ngoKaizana Tambo, esigidini saseNkantolo eMpumalanga Koloni. Ukukhuliswa kwakhe emakhaya kwamenza waba ngumuntu osebenza ngokuzikhandla nomuntu onesimilo esihle nendlela yokuziphatha.

Ngokusho kweTambo Foundation, igama lakhe walishintsha laba ngu-Oliver emva kokuba uthisha othile emcele ngosuku lwakhe lokuqala lokuya esikoleni ukuba eze esikoleni negama lesiNgisi.

"Abazali bakhe bakhetha u-Oliver. Lokhu kanye nezigababa

eziningana nabanye othisha bakhe bokuqala olwalungafakwa kubona kwamenza wasesaba isikole. Ukuhlangana kwakhe nomunye wesilisa osemncane owayenesiphiwo sokukhuluma kahle nowayeyilungu leqembu lokuqophisana ngokukhuluma kwesinye isikole kwayishintsha indlela ayebuka ngayo isikole kokhela inhlanga yokuthanda ukuxoxisana nokuqophisana ngezihloko", kusho abe-Tambo Foundation.

Emva kokuphuthula amabanga emfundo ephakeme, uTambo waqhubekela enyuvesi. Wagoda wathweswa umyezane wezifundo Zesayensi Nezibalo, phecelezi i-Bachelor of Science in Maths and Science, eNyuvesi yase-Fort Hare. Impilo yakhe njengesishosho

yaqala enyuvesi.

Ngonyaka we-1942 ngenkathi efundela iziqu zokuqhubeka kwezeMfundo, waxoshwa enyuvesi ngenxa yokuzibandakanya esitelekeni sabafundi ngenxa yokuzwelana nesizathu sokuteleka kwabo.

Kuthe uma ikolishi ayefunda kulo ngaphambilini i-St. Peter's College lizwa ngokuxoshwa kwakhe eNyuvesi yase-Fort Hare, lamnikeza umsebenzi wokuba nguthisha weZibalo neSayensi.

### Impilo yakhe kwezombusazwe

Ngesikhathi efundisa eGoli, uTambo wayeyilungu eliyisishosho le-ANC. Wasungula

**Iqhubeka ekhasini lesi-2**



**NDP, five years on**

Page 6



**Bicycles benefit Bergville kids**

Page 12



ALSO AVAILABLE ON:



@VukuzenzeleNews

f Vuk'uzenzele

Websites: [www.gcis.gov.za](http://www.gcis.gov.za)

[www.vukuzenzele.gov.za](http://www.vukuzenzele.gov.za)

E-mail: [vukuzenzele@gcis.gov.za](mailto:vukuzenzele@gcis.gov.za)

Tel: (+27) 12 473 0405

**Free Copy**

*"Regardless of its location, what makes a good school excellent is leadership. You can find schools in the poorest and most disadvantaged areas achieving success against the odds." OR TAMBO*

Life and legacy of  
**OR TAMBO.**  
**100 YEARS**



# Early childhood education is important

Noluthando Motswai

**E**arly Childhood Development (ECD) centres are the pillars of education and a good investment for unlocking a child's potential.

This is according to the CEO of the National Development Agency (NDA) Thamo Mzombe.

"Understanding the investment on a child and unlocking the potential at a very early stage is important. As the NDA, we look at ECDs holistically in terms of development of a child from the mind to physical. This is an asset and if well nurtured at an early stage will yield great potential for our country," says Mzombe.

She adds that during the first 1 000 days of a child's life their mind is capable of quickly absorbing important information.

Getting access to quality edu-

cation at this stage is essential in terms of ECD which advocates that children who are exposed to ECD efforts must have access to quality food and an environment which allows potential growth.

"If we get the programmes of the ECDs right we would not suffer in entrepreneurial challenges, producing scientist because the child's potential and resilience is built at this level," said Mzombe.

She adds that in order for children to flourish academically nutrition and a balanced diet are important.

## One ECD centre, one food garden

The NDA promotes the idea of "One ECD centre, one food garden." Food gardens provide fresh vegetables to school feeding schemes at community-based ECD facilities, home-based centres and rural communities.

The NDA also provides skills development and education in the benefits of good nutrition.

The NDA focuses mostly on ECDs in rural areas, informal settlements and farm areas where poverty levels are very high and parents have no means or access to structured ECD-based programmes.

Mzombe adds that her organisation focuses on empowering the management of an ECD, particularly in the areas of governance, financial management, fundraising, human resource management, report-writing and how to register with the provincial departments of social development.

"This assists centres to ... comply with the norms and standards of the Department of Social Development," says Mzombe.

ECD centre infrastructure upgrades are also important element to ensure that learning

happens in a safe environment.

## Training for ECD Staff

Through the NDA ECD principals, supervisors, practitioners, cooks and governing body members are appropriately trained and skilled to benefit the centre's programmes for young children.

Mzombe says ECD educators are also guided by a curriculum with standards to be achieved.

"Their curriculum covers most of grade R. We have our NPO-capacitated trainers that develop curriculum," concludes Mzombe. **V**

**Community members who would like to register their ECDs with the NDA can call 011 018 5500 or email: info@nda.org.za**

## NEWS IN BRIEF

### Deputy President opens Eastern Cape HIV/AIDS Centre

Deputy President Cyril Ramaphosa has officially opened the Vuyo Mbuli Empilisweni HIV/AIDS and Orphans Centre in Ndevana Eastern Cape.

The centre is a community initiative which started operations in 1999 with the help of the late SABC TV presenter Vuyo Mbuli. The centre – whose main focus is on HIV and Aids orphans – also works with caregivers of people who are on antiretroviral therapy and Tuberculosis treatment. The facility has been commissioned by the Department of Health to trace treatment defaulters in the area. **V**

## Iqhubeka isuka ekhasini loku-1

Umbutho Wentsha we-ANC (i-ANCYL) waba unobhala walo kuzwelonke ngonyaka we-1944.

Emva kweminyaka emine waba ngumongameli we-Transvaal ANCYL kanye nephini likamongameli kuzwelonke kule nhlango ngowe-1949. Kwathi kamva wakhethwa kanye no-Walter Sisulu baba seKomidini Eliphezulu Lika-zwelonke (i-NEC) le-ANC.

Ngowe-1951, uTambo wasungula inkampani yokuqala yabamnyama yezomthetho nomngani wakhe omkhulu, lowo owayenguMongameli, uNelson Mandela.

UTambo wahola i-ANC ezinsukwini zayo ezazinzima kakhulu futhi waba ngumholi wayo owabamba isikhathi eside ezindaweni ezifana naseLondon naseZambia lapho inhlango yayisebenzela khona kuze kube uhulumeni waseNingizimu Afrika ethule umthetho wokuyibuyisela kuleli ngowe-1990.

Ngesikhathi sakhe ephesheya kwezilwandle waba phambili ekuvuleni izindlu zamanxusa ze-ANC emhlabeni jikelele, lapho singabala amazwe angama-27 ngaphambi konyaka we-1990.

Wasiza ukunxena usizo lokwesekwa kwe-ANC futhi wenyusa nezinga lokuhlonishwa kwenhlango ye-ANC emhlabeni yaba ngethathelwa phezulu kakhulu nehlonishwayo.

Ngowe-1990, uTambo nomndeni wakhe babuyela ekhaya emva kweminyaka engama-30 beseekingisweni. Wakhuluma emhlanganweni wokuqala we-ANC isibuyile eNingizimu Afrika kusukela yakhululeka ezweni. Lapho wedlulisela isicoco sobuholi ku-Nelson Mandela. Wakhethwa njengoSihlalo ka-Zwelonke we-ANC.

Ngomhlaka 24 kuMbaso 1993, uTambo wadlula emhlabeni emva kokuhlaselwa yisifo sohlangothi. **V**

Umthombo: [www.tambofoundation.org.za](http://www.tambofoundation.org.za)

## Sigubha umholi owayehlakaniphile

Uchungechunge lwezinhlelo zokuqwashisa, kubandakanywa izinhlelo zokufundisa kanye nokuthakasela impumelelo, zizoqhubeka kulo lonke izwe kulungiselelwa umhlaka 27 kuMfumu wezi-2017. Emva kwalokho, imiklamo eminingana yokugubha ifa lale nkakha zihanjiswa eMbizana, eMpumalanga Koloni, ukuze kuhlomule umphakathi wasendaweni.

## Iminingwane ezingqiwe ngomlando ka-Oliver Tambo

### • 27 Mfumu 1917

Usuku Lokuzalwa kuka-Oliver Tambo.

### • 2 Mbaso 1944

U-Oliver ekanye no-William Nkomo, AP Mda, Walter Sisulu, no-Nelson Mandela basungula uMbutho Wentsha we-ANC (i-ANCYL).

### • 1 Mandulo 1944

U-Oliver Tambo wakhethwa njengoNobhala we-ANC

### • 24 Ntulikazi 1951

U-Oliver Tambo uthola iziqu zobumeli.

### • 5 Zibandlela 1956

UTambo uyaboshwa, ngecala lokuvukela umbuso eboshwa ngu-

hulumeni wobandlululo.

### • 20 Zibandlela 1956

UTambo uphuma ngebheyili ngesikhathi secala lokuvukela umbuso.

### • 22 Zibandlela 1956

U-Oliver Tambo ushada no-Adelaide.

### • 27 Ndasa 1960

UTambo uya ekudingisweni.

### • 1 Nhlaba 1960

UTambo ufika e-Denmark emva kokumenywa uMongameli wakhona.

### • 10 Mfumu 1960

UTambo uvakashela e-New York okokuqala.

### • 10 Nhlaba 1963

UTambo uhola izithu-

nywa ze-ANC zilibangise e-Ethiopia ukuze kusungulwe iNhlango Yobumbano Lwase-Afrika.

### • 10 Mfumu 1963

UTambo ukhuluma phambi kweKomidi Elilodwa Lezepolitiki leSigungu Sikawonkewonke seNhlangothi Yeziziwe enxusa ukukhululwa kwabo bonke abantu baseNingizimu Afrika.

### • 25 Mbaso 1969

UTambo umemezela ukwesula kwakhe ku-ANC kunkomfa yaseMorogoro ngemva kwezehlakalo zokungaphathwa kahle kwakhe, kodwa

uyancengwa ukuba abuye.

### • 20 Nhlaba 1983

UTambo ugonyaza ukushaywa ngebhomu kwe-Church Street, ePitoli.

### • 8 Masingana 1985

UTambo utshela abantu baneNingizimu Afrika ukuba 'Benze iNingizimu Afrika ingalawuleki'.

### • 14 Zibandlela 1990

Umndeni kaTambo uyabuya ekudingisweni.

### • 23 Mbaso 1993

U-Oliver Tambo uyadlula emhlabeni.

### Umthombo:

[www.tambofoundation.org.za](http://www.tambofoundation.org.za)



government communications

Department: Government Communication and Information System  
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

Tel: (+27) 12 473 0089 E-mail: [vukuzenzele@gcis.gov.za](mailto:vukuzenzele@gcis.gov.za)  
Address: Private Bag X745, Pretoria, 0001

Head of Editorial and Production  
Tasneem Carrim | [tasneem@gcis.gov.za](mailto:tasneem@gcis.gov.za)

Managing Editor  
Irene Naidoo | [irene@gcis.gov.za](mailto:irene@gcis.gov.za)

News Editor | Ongezwa Mogotsi

Writers  
Noluthando Motswai

Senior Designer  
Tendai Gonese

Translators  
Nomgqibelo Motha  
Boitumelo Phalatshe  
Phakamani Dadlana

Vuk'uzenzele  
is published by Government Communications (GCIS)

All rights reserved. Reproduction of the newspaper in whole or in part without written permission is strictly prohibited.

Printed by: [paarlcoldset](http://www.paarlcoldset.com)

Distributed by: ON THE DOT

# Izikhungo zokunakekelwa zihlinzeka induduzo ezisulwini zokudlwengulwa

**ININGIZIMU AFRIKA** inezikhungo ezinconywayo zokulekelela izisulu zokunokubezwa ngocansi nodlame.

Lucille Davie

**I**nduduzo. Yilokho kanye okudingwa yizisulu zodlame lwasekhaya kanye nokudlwengulwa, futhi yilokho kanye ama-Thuthuzela Care Centres akuhlinzekayo kulo lonke leli.

Igama elithi 'Thuthuzela' yigama lesiXhosa elichaza "ukududuzo", kanti-ke lezi zikhungo ezihlinzeka lonke usizo zisungulwe njengengxenyeye yecobo lezwe lokulwa nesihlava sokudlwengula. Inhloso ukunciphisa ukungaphathwa kahle kwezisulu ezingabesifazane nabantwana, ngokunakekela kwezisulu ngozwelo, inhlonipho nesithunzi.

Uphiko Lwezokushushisa Lukazwelonke (i-NPA) luqhuba

umklamo wamaThuthuzela njengengxenyeye yoPhiko Lwamacala Ezocansi kanye Nezindaba Zomphakathi.. Enye futhi inhloso ukwenza ngcono amazinga okuboshwa kwabenzi bokubi.

Izikhungo zisebenzela ezibhedlela zikahulumeni, futhi zivame ukusondelana nezinkantolo zamacala ocansi, lapho kunabashushisi nezimantshi ezinamakhono, osonhlalakahle, izinhlangano ezingekho ngaphansi kukahulumeni (ama-NGO) namaphoyisa eduze ukuqinisekisa ukuthi izisulu sithola ukwelulekwa nokumeleleka kahle enkantolo. Kunezikhungo ezingaphezu kwezingama-50 ezweni lonke.

Indlela edidiyelwe yokusebenza kwamaThuthuzela Care Centres

ekunakekelweni kwabadlwenguliwe yindlela enenhlonipho, induduzo, ubuyiswa kwesithunzi kanye nokuqinisekisa kobulungiswa ezinganeni, abesifazane nakwabesilisa abayizisulu zokudlwengulwa," kubika abeSikhwama Sezingane Senhlangano Yezizwe (i-Unicef).

**Ama-Thuthuzela Care Centres ahlinzeka ngezinsiza ezilandelayo ezisulwini:**

- Indawo ethule lapho umhlangikazi nodokotela be-tholakala ukuze baqhube uku-xilongwa, emva kokusayinwa kwefomu lemvume.
- Ukudonswa kwegazi kanye nokwenza ukuhlolwa kolibofuzo (i-DNA)
- Ukunikeza izisulu ithuba

lokugeza, sishintshe nezingubo sigqoke ezihlanzekile.

- Umseshi athole isitatimende kulowo oyisisulu
- Umhlangikazi ahlinzeke ngokwelulekwa kanye nokuvakasha kokulandelela, ukwelashwa noma imithi yezifo ezithathelana ngocansi noma iGciwane leSandulelangulazi (i-HIV)
- Imithi yesisulu esithunyelwa ekhaya noma endaweni yokuphepha, uma kunesidingo
- Ukubonana nomshushisi obhekene namacala anjengalawa, ukulungiselelwa ukuya enkantolo yilowo osiza izisulu.
- Incazelo yokuqhubeka kwecala yiminenja yecala.

Kunezinkantolo ezingaphezulu kwezingama-40 zamacala ezocansi ezweni, ikakhulukazi ezenzelwe ukwelapha izisulu ngendlela enozwelo ngenkathi amacala eqhubeka.

Ngayinye inegumbi lase-nkantolo, igumbi eliseceleni lokulinda lesisulu esingumuntu omdala noma noyingane, igumbi elikhethekile lokufakaza elinamakhamera ukuze kuqinisekise ukuthi izisulu asibhekani ubuso nobuso nalabo abasihlukumeza.

"Ziyingxenyeye esemqoka kakhulu yecobo leNingizimu Afrika lokulwa nesihlava esingukudlwengula, ngenhloso

yokunciphisa ukuphinda ukuhlukumezeka kwesisulu, ukwenyusa amazinga okuboshwa kwabenzi bokubi kanye nokunciphisa isikhathi ukuze kuphothulwe amacala," kusho u-Advocate Thoko Majokweni, Umqondisi woPhiko Lwamacala Ezocansi kanye Nezindaba Zomphakathi ku-NPA.

Ngokusho kwabe-Unicef lolu hlelo lwamaThuthuzela selwenze ngcono inqubo yokubika nokuboshwa kwabenzi bokubi emacaleni ezocansi kanye nokunciphisa ukuhlukumezeka ngokuphindelela.

Abe-Unicef babika u-Advocate Majokweni ethi " okungumongo wempumelelo yendlela yokusebenza kwamaThuthuzela yindlela ehlelekile yokwelashwa nezinhlelo zokungenelela zezomthetho kanjalo nokubambisana kweqophelo eliphezulu phakathi kwesisulu nabahlinzeki ngosizo kusukela ekubikeni kuya ophenyweni kanye nasekuboshweni kwecala, okuholela ekutholweni komenzi wokubi enecala." **V**

**Ukuze uthole ulwazi oluthe xaxa ngamaThuthuzela Care Centres, shayela i-NPA lapha: 012 845 6000**



## Imbokodo Iyazenzela

Hlengiwe Ngobese

**A**mentorship programme run by Ithala Development Finance Corporation is helping women in rural and township areas realise their dreams of becoming entrepreneurs.

The programme is designed to help micro-level Small, Medium and Micro Enterprises (SMMEs) grow and sustain their businesses.

The initiative is part of phase three of Ithala's Imbokodo Iyazenzela programme, which is a pillar of support to women entrepreneurs in KwaZulu-Natal

(KZN) who require access to finance and resources to grow their enterprises.

Imbokodo Iyazenzela was launched in 2015 and has reached over 3 000 women in 16 towns across KZN to date.

Cutting Edge Business Solutions is formally and regularly mentoring and coaching the top 20 participants in the 2017 programme to help them improve their businesses and make them sustainable. The mentors' role is to help maximise mentees' business revenues by providing them with effective marketing ideas and financial literacy lessons, improving their administrative skills and

helping them to be compliant with the legal requirements for running a business.

"After traversing KZN to identify the bottlenecks preventing aspiring business women from reaching their full potential in phase one of Imbokodo and thereafter putting them in touch with our esteemed partners to overcome their challenges in phase two, the finalists have experienced tangible business growth," said Sitandiwe Dimba, Ithala's Corporate Social Investment Coordinator.

The four broad categories of hindrances identified during the outreach were access to

markets, finance, business support, and marketing and sales.

**"Imbokodo Iyazenzela was launched in 2015 and has reached over 3 000 women in 16 towns across KZN to date."**

Mbali Shinga (44) owner of Ubuhle Bozalo Trading says she has benefited from the programme.

"My mentor, Zandile Nkala, helped immensely to brand and market my business. I

have taken it upon myself to start mentoring members of my community, especially the youth, by conducting 'entrepreneurship talks' to motivate them to start their own businesses," she said.

Thulani Mazibuko, the managing director of Cutting Edge Business Solutions, said Shinga, has stood out as a mentee and shown significant progress through the mentorship programme.

"Shinga's business currently employs 29 people in permanent positions. Her company has its own logo, letterhead and a website that will soon be accessible." **V**